

**UMYALEZO KANDUNANKULU WESIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATAL, UMNUZ  
WILLIES MCHUNU, EMKHOSINI WOMHLANGA, ESIGONDLWENI ENYOKENI,  
KWANONGOMA, 10 SEPTEMBER 2016**

Mphathi wohlelo, MEC Bongi MaSithole – Molo;

Silo samaBandla;

Abantwana baseNdlunkulu;

UMntwana WakwaPhindangene

Amakhosi wonke akhona;

ONgqongqoshe bakazwelonke abakhona;

O-MEC bonke abakhona;

IziMeya zonke;

Abaphathi benhlangano esakaza ngomoya i-SABC

Amakhansela

Izivakashi nezimenywa ezethamele zeSilo;

Omama ababheke izintombi;

amatshitshi okuyizimbali zezwe,

Abacoshela izindaba,

Umphakathi wonke

Bayede !

Angiqale ngihalisele uHlanga loMhlabathi ngokugubha iminyaka engamashumi ayisithupha nesishiyagalombili lusadla anhlamvana.

Kuyintokozo kithi njengohulumeni ukusebenzisana noNgangezwe Lakhe ukuphucula izimpilo zabantu zibe ngcono. Akucace ukuthi abantu ngabeSilo ezweni laso, thina njengohulumeni iqhaza lethu ukuvikela nokuthuthukisa inhlalohle ezimpilweni zabantu besilo.

Hlanga Lezwe, kuyintokozo futhi kithi ukuthi sithi 'nwele olude' esihlalweni sakho sobuNgonyama, siyathokoza ukuthi uyiSilo esidonse isikhathi ukudlula wonke amakhosi Oselwa; selokhu iLembe labumba isizwe saMaZulu eminyakeni engamakhulu amabili edlule.

Sisizwile Silo SamaBandla isimemezelo osenzile emisakazweni engaphansi kwa SABC yokuthi uZulu akaphelele ngobuningi bawo e Moses Mabhida Stadium ngomhlaka 24 September. Siyikhabhinethi yesifundazwe kanye noMasipala weTheku siyawuxhasa lomgubho obizwa nge 45/200.

Sithi isizwe sonke asibumbane sigubhe leminyaka engamashumi amane nanhlanu uBhejane'phuma es'qiwini ephethe ngobuqotho ubukhosi bakaZulu. Lesisizwe zaziwa futhi sihlonishwa kakhulu umhlaba wonke ngenxa kakhokho weSilo uShaka Zulu.

Hlanga Lezwe, siyathokoza ngendima osuyikhathulile ekubuyiseni isithunzi, nokuzigqaja esizweni samaZulu. Siphinde sibonge ngeqhaza olibambile lokuqondisa isizwe sakho uma kukhona ukuphambuka endleleni. Njengohulumeni siyazibophezela ekutheni siyohlala s'bambisene neSilo emigubheni ephathelene nomlando ocebile wesizwe samaZulu.

Mangiphinde ngizwakalise ilaka likahulumeni lokuthi uMkhosi WoMhlanga siyaweseka njengohulumeni. Lona ungumkhosi ongagcini nje kuphela ngomcimbi njengoba uqeda iminyaka engamashumi amathathu nambili, kodwa uwuhlelo oluqhubeka unyaka wonke ngezinhlelo zokugquguzela ukuziphatha kwentsha nokuzithiba ocansini. Njengohulumeni siwushayela ihlombe ngeqhaza lawo ekwakheni itsha yakithi.

UMkhosi woMhlanga ufundisa inhlonipho, uphinde ufundise ukuziphatha ebantwaneni abancane. Siyaziqhenya ngalezimbali zezwe. Nisenza sibuyelwe yithemba lokuthi izwe liyophathwa ngezandla ezifudumele, inhlonipho nokukhulu ukucophelela. Phela inhlonipho ihamba phambili kanti futhi ukwazisa amasiko nemvelaphi yakho kuzokwenza ukuthi ningadukiswa kalula ngabezizwe. Ziqhenye ngesiko lakho, ngoba uma uke wazenyeka ngalo...owezizwe uzosebenzisa lobo buthakathaka ukuk'bukela phansi, uzizwe umncane kunaye.

Ziqhenyeni ngobuntombi benu, njengohulumeni sizozinqinisekisa ukuthi izinhlelo zethu zihambisana nokufundisa kanjalo nabafana ukuziphatha ngendlela nobuqotho. Ukuvikelwa kwenu njengabantu abasha kuseqhulwini ezinhlelweni zethu. Ngiyathokoza ukubika ukuthi le nsambatheka eyayishiwo kudala yokuthi uma ulala nowesifazane oyintombi nto liyasuleka igciwane lengculaza nesandulela salo, ayisekho manje leyo nkoleloze kubantu. Sisezinhlelweni zokulwisana nezidakamizwa, uphuzo oludakayo, ukuhlukunyezwa kwabesifazane nokudlwengulwa kwezingane.

Ubuntombi benu busho ukuthi nikwazile ukumelana nalama' blesser' ahleli ethungatha izingane zethu ezincane. Ngithi qhubekani njalo nokuziphatha kahle. Abanye benu sebeniminyaka engaphezulu kwamashumi amabili; yini ke enganihlula ukuthi nibekezele nize nishade nithole nezingane emshadweni okuyinto oncomekayo. Kanti futhi nokuthola ingane ekhaya noma ngaphansi kwesandla sabazali futhi usafunda isikole akubusisiwe. Siyazi ukuthi iningi lethu liphuma

emndenini exakekile, njengohulumeni sithi noma lama blesser enganinunusela ngemali engakanani hlalani ngentombi, nizithibe ningayi ocansini nize nifike esikhathini esifanele.

Siphinde sigxeka labo thisha abalala nezingane zesikole. Kuyasijabulisa ukuthi useboshiwe umsolwa wasesesikoleni saseNquthu eKucabangeni Secondary. Siyethemba ukuthi uma esetholwe enecala uzothola isigwebo esimfanele ukuze kube yisibonelo esishubile esizovusa onembeza siphinde sikhuze nabanye ababuka izingane zesikole ngeso elingalungile. Hlanga Lezwe, lo thisha ubevelile enkantolo yendawo ngoLwesithathu, uzophinde abuyele enkantolo efanayo ngesonto elizayo.

Kuyasikhathaza njengohulumeni ukuthi iningi labantu abasha abasebenzi. Intsha engasebenzi kuleli eneminyaka eqala eshumini nanhlanu iya kwamashumi amathathu nane ingaphezulu kancane kwengxenyekhona ezweni lonke, bese kuthi izibalo zabantu nje jikelele abangasebenzi bangama phesenti angu 26.6 okusho ukuthi oyedwa kubantu abane akasebenzi. Yingakho ke uhulumeni enezinhlelo eziningi zokuthuthukisa intsha nokuthuthukiswa komnotho wakuleli, esikhuthaza umuntu omusha ukuba avuke azithathe abheke izinhlelo ezifana nemifundaze, ama internships (ukuba yithwasa lomsebenzi), Expanded Public Works Programme, , kanjalo namathuba okufunda emanyuvesi ngoxhaso lukahulumeni.

Ukugcinwa kwamasiko kanye nokugqugquzela ukuziphatha kubantu abasha ngeminye yemikhankaso esizigqaja kakhulu ngayo ukuthi uBayede ulokhu eyihole njalo esebenza ngokubambisana noHulumeni.

Bayede ubukhona bethu njengoHulumeni phakathi kwezinkumbi zabantu abathemele lo mkhosi kungenxa yokuqonda ukuthi njengoHulumeni ngeke sabusa ngendlela uma kukhona ukuqhelelana phakathi kwethu neNdlunkulu kaZulu, eyikhaya lalesi sizwe saMaZulu esikhulu kangaka.

Kungenxa yokuqonda Silo samaBandla ukuthi noma yini esiyenzayo kumele ngaso sonke isikhathi sithathele olwazini nobuhlakani bakho obunikwe izinyanya nokhokho balesi sizwe.

Okumqoka ngalo Mkhosi woMhlanga wukuthi unikeza izintombi ezifundo ezimqoka ngempilo kanye nobumqoka bokuphokophelela impilo kanye nekusasa eligcono.

Hlanga loMhlabathi, angithathe lelithuba ukubika esizweni ngodaba lwamanyuvesi ashiswa ubuthaphuthaphu kwelikaMthaniya. Kuyasikhathaza njengohulumeni ukuthi kuthi kusaqhubeka izingxoxo zokunganyuswa kwemali yokufunda, bese kushiswa izakhiwo ezibaluleke ngalolu hlobo. Siyakugxeka lokhu njengoba kubuyisela impilo yomuntu emuva. Umnyango kazwelonke weMfundo emazingeni aphakeme oholwa uDokotela Blade Nzimande uphezu kwezingxoxo ezibhunga ngalolu daba lwemali emanyuvesi.

Wena oNgangezwe lakhe, siyabonga ukuthi Isilo sesisikhuzile lesisenzo esibi kangaka.

Bayede, sengizophetha sifisa ukudlulisa okukhulu ukubonga ngeqhaza olibambile ukuqinisekisa ukuthula kulesi sifundazwe. Njengoba kade sisingethe ukhetho lohulumeni basekhaya asingabazi ukuthi ngabe liningi igazi elichithekile ukube awuzange usukume ukhuze.

Siyazigxeka kakhulu izigameko zokubulawa kwalabo ebebengenele ukhetho njengamakhansela ngaphambi komhlaka 03 August 2016 futhi sonke kumele sizonyeza ngalokhu okwenzakalile.

Lokhu kwenze izwe lonke uma lukhuluma ngesifundazwe sethu sichazwe njengabantu abasakholelwa ekuchithekeni kwegazi ukuze kutholakale izixazululo.

Nokho siyafisa Bayede ukubonga amaphoyisa asebenze ngokuzikhandla ukubopha abasolwa kwamanye alamacala futhi sinethemba lokuthi lapho engakabophi khona, abasolwa bazogcine betholakele.

Sifisa ukubonga naphambi kwakho Silo samaBandla iqhaza elibanje ngabaholi bezinhlango zezepolitiki ebebehlangana phansi kwekomidi eliholwa uMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi, uMnu Mxolisi Kaunda elibizwa ngokuthi iMulti – Party Political Intervention Committee. Leli komidi lenze umsebenzi omkhulu futhi siyabonga ukuthi nangelanga lokhetho akukho zigameko ezabikwa.

Bayede sifisa bonke abantu besizwe sakho bayamukele imiphumela yokhetho. Nokho siyadumala njengoHulumeni ukuthi komasipala abangu-54 kukhona ababili abangakakhethi nokwenza ukuthi kubambezelake ukukhetha nabezifunda abangaphansi kwazo.

Umasipala waseJozini kanye nowaseNquthu, kuze manje imizamo yokuthi bekwazi ukukhetha abaholi bomkhandlu ikhombisa ukungaphumeleli. Yingakho sengijube uMphathiswa wezokuBusa ngokuBambisana neziNdaba zoMdabu, uNkk Nomusa Dube- Ncube ukuba angenelele kulabo masipala elawulwa ngumthetho. Siphinde savumelana ukuthi kuzomele aqinisekise ukuthi izidingo ziyaya kubantu futhi akukho ukuphazamiseka ekujanjisweni kwentuthuko. Nabaholi bezinhlango ezikhona kule mikhandlu siyanxusa ukuthi baxoxisane futhi babeke umphakathi phezulu – ukuze kutholakale izixazululo.

Bayede sifisa ukubonga ngokuthi nawe njengobaba wesizwe wengeze elakho izwi ekutheni kumele abaholi bekwazi ukubeka phambili izinhloso zomphakathi okuyiwona obakhethile futhi bekwazi ukubambisana.

Siyakugxeka kakhulu ukuphawula kwabanye abaholi bezinhlango zezombusazwe abathathe le nkulumo yeSilo yokwelulela bayiphendukezela futhi sebenza igama leSilo ibhola lezopolitiki. Sinxusa wonke umuntu ukuba avikele isithunzi negama leSilo kulabo sopolitiki asebelahle amasiko abo ngoba bedukiswa ngabezizwe, abasakwazi nokuhlonipha izwi leNgonyama yabo. ISilo asiyena usopolitiki ngakho uma sikhuluma sisuke sibuka izinhloso zesizwe ngakho ke abazama ukuqophisana naso bakhombisa ukungahloniphi kanye nokungavuthwa ngokwepolitiki.

Ngifisa ukusho Bayede ukuthi sivumele naboMnyango wezokuThutha ukuthi ayikho imoto ezohamba lapha ingahloliwe amaphoyisa ngakho kumele sonke siqinisekise ukuthi bonke abashayeli abalapha nabathwele izintombi. Kumele sonke siyihloniphe imithetho yomgwaqo futhi sivikele bonke abasenzisi bomgwaqo.

Sengathi sonke singathi noma sesibuyela emakhaya sihambe ngokuphepha – bese sifisela inhlanhla bonke labo abayoqala ukulungiselela izivivinyo zamo zikamatric – sengathi ningazikhandla, isifundazwe sethu senze kangcono ngokwezibalo kulo nyaka.

Ngiyabonga

Wena weNdlovu....!

Bayede.....!